

Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

08/2016 Intshumayelo ngesonto 2 emva komkhosi wokukhumbula ukuzalwa kweNkosi, ngomhla ka 03. 01. 2016

Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele

Izwi elongamela leliviki lilotshiwe ku-Joh. 1:14b, lithi **"Sabona inkazimulo yakhe, inkazimulo njengeyozelwe yedwa kuYise, egcwele umusa neqinisio."**

1. Iculo - / 57

2. Umkhuleko: Baba wethu osezulwini, siyabonga umusa nobubele bakho, usithumele uJesu Kristu iNdodana yakho ukuba ibe umuntu ukuba isihlenge ekufeni okuphakade. Siyabonga ukhisimusi, isikhathi sokukhumbula ukuzalwa kukaJesu Kristu uMsindisi wethu. Siphe namuhla uMoya wakho oNgcwele ukuba asibize, asikhanyise, asiqinise, asigcwelise ngezwi lakho elingcwele, sicela lokhu egameni likaJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

3 Izwi leTestamente elidala lilotshiwe ku-Isaya 61:1-10

Iphistola ngohlelo lwesine lilotshiwe Ku Rom. 16:25-27;

Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 2:41-52;

4 Isivumo senkolo: Niyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo - /50

6. Umkhuleko wofundayo inthsumayelo

7. Iphisola ngohlelo lwesibili lilothesiwe ku-1 Joh. 5:11-13, lithi: "Yilokhu ubufakazi ukuthi uNkulunkulu usiphile ukuphila okuphakade. Nalokhukuphila kuseNdodanani yakhe. Onayo iNdodana unokuphila ongenayo iNdodana kaNkulunkulu akanakho ukuphila nginilobele lokhu, ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade nina enikholwa egameni leNdodana kaNkulunkulu." Amen.

8. Intshumayelo: Bathandekayo eNkosini, kusukela kukhisimusi kuze kube manje sizwile sonke isahluko sesibili evangelini ngokukaLuka, sizwile ngesimangaliso esikhulu sokusihambela kukaNkulunkulu. Sizwile ngokuzalwa kukaJesu Kristu eBetlehema, sizwile ngokusoka kwakhe, sizwile indumiso kaSimeyoni ethempelini nokutusa kuka-Ana uNkulunkulu ngenxa yomtwana omncane ogonyiwe yibo abantu ethempelini. Nanamuhla sizwile ivangeli elingcwele elilotshiwe esahlukweni sesibili sikaLuka, elikhuluma ngokusala kukaJesu ethempelini eJerusalema, wasala endlini kaYise, kodwa oMariya noJosefa babephinda ukuya eNazareth, bamangala ngokusala kwakhe. UJesu waphendula kubo ababemangala ngokusala kwakhe ethempelini ngokuthi: "Kukanjani, beningifunelani na? Beningazi yini ukuthi kumelwe ukuba ngibe kokukaBaba na?" Indlu kaNkulunkulu ilikhaya likaJesu Kristu, ngokuba eyiNdodana kaNkulunkulu. Lokhu kuyisimangaliso esikhumbulayo sona ngalesisikhathi samanje, ukufika kukaNkulunkulu emhlabeni. Siyacula ngaleliqiniso emaculeni ethu uma sithi: "INkosi yasikhumbula, silele ezonweni; yabona ukuchitheka kwethu-ke, yasisiza. Sasesigcwele izono, kepha uyen' unguBaba omuhle, wasithola. Wathi-ke eNdodaneni: Sengiyabahawukela; yehla ubathukulule lab' ababoshiweyo; ubaphumis'

esonweni, ubakhulul' ekufeni, baphile nawe njalo." Yehla ukuba isihlenge. Ngamaculo akithi siyacula, siyashumayela iqiniso levangeli likaNkulunkulu. Siyafakaza emhlabeni ngeqiniso elinguJesu Kristu. Siyafakaza ezizweni zonke ngendlela eya ezulwini enguJesu Kristu. Siyafakaza ngaye uJesu Kristu oyiNdodana kaNkulunkulu.

Izwi lentshumayelo lilotshiwe encwadini yokuqala kaJohane. Sifanele ukufunda kancane ivangeli ngokukaJohane ukuba siqonde kahle lelizwi lentshumayelo lanamuhla. UJesu wathi kuMarta udadewabo kaLazaru ukuthi: "Mina ngingukuvuka nokuphila; okholwa yimi, noma efa, wophila. Nalowo ophila, akholwe yimi, kasoze afa naphakade." Uma sibhekisise kahle sizokuzwa ukuthi uJesu akaletshi ukuphila kodwa nguye ongukuphila. Ukuphila kutholakala kuphela kuye uMdali wezulu nomhlaba, kuye uNkulunkulu, kuye uJesu Kristu ongukuphila. Kuye abantu bayathola ukuphila. Sifanele ukubona nalelizwi elithi: "Mina ngiyindlela, neqiniso, nokuphila; akakho oza kuBaba ngaphandle kwami." Nakhona uJesu uyasikhumbuza ukuthi nguyena ongukuphila okuyikho, futhi uyasifundisa ukuthi nguyena yedwa okwazi ukuxhumanisa abantu noYise onguNkulunkulu ophilayo. "Akakho oza kuBaba ngaphandle kwami." Nesingeniso salencwadi siyasifundisa ngaye uJesu Kristu ongukuphila okuphakade sithi: "Lokho okwakukhona kwasekuqaleni, esakuzwa, sakubona ngamehlo ethu, sakubheka, nezandla zethu zakuphatha, okwezwi lokuphila – lokho kuphila kwabonakaliswa, sakubona, siyaqinisa sinishumayeza lokho kuphila okuphakade okwakukhona kuYise, kwabonakaliswa kithina – lokho esikubonileyo, sakuzwa, sinishumayeza khona nani, ukuze nani nibe nenhlanganyelo nathi. Kepha thina sinenhlanganyelo noYise naneNdodana yakhe uJesu Kristu. Sesiyanilobela lokhu, ukuze intokozo yenu iphelele."

Ukukholwa nguye uJesu Kristu kuyasihlanganisa naye ongukuphila okuphakade. Ukukholwa nguJesu Kristu uMsindisi wabantu kuyasipha ukubonana noBaba wethu osezulwini onguNkulunkulu ophilayo. Lokhu kuyisizathu sokuhambisa izwi lakhe ezizweni zonke. Lelivangeli liyashunyayelwa emhlabeni wonke kuze kube namuhla ukuba abantu baphenduke, bakholwe, baphile. UJohane wathi: "Kodwa lezizibonakaliso zilotshiwe ukuba nikholwe ukuthi uJesu unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu, nokuba nikholwe, nibe nokuphila egameni lakhe." Bathandekayo eNkosini ukukholwa kuyasipha ukuphila. "UNkulunkulu usiphile ukuphila okuphakade, nalokhu kuphila kuseNdodaneni yakhe. Onayo iNdodana unokuphila; ongenayo iNdodana kaNkulunkulu akanakho ukuphila." Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu kukhona ukufa nokuphila. Kukhona ukufa okuphakade nokuphila okuphakade futhi. Okholwayo nguJesu Kristu unokuphila okuphakade, ongakholwayo akanakuphila, unokufa, ukufa okuphakade. Kukhona ukubhujiswa okuphakade, kukhona ukubusa kanye noJesu Kristu ekuphileni okuphakade ebusweni bakhe futhi. Ukukholwa kwethu nguJesu Kristu kuyasipha ukuphila okuphakade. Ake singavilaphi ukunakekela lokhukukholwa kwethu, kodwa sikufunze, sikuphakele, sikunakekele kakhulu ngezwi likaNkulunkulu, nangesidlo esingcwele, nangomkhuleko, nangokucula amaculo angcwele,

nangentethelelo yezono. Konke lokhu kuyatholakala enkonzweni yeNkosi. Ngayo lenkonzo yayo iyaqinisa ukukholwa kwamakholwa ayo. NoJohane walobela amakholwa lencwadi yakhe ukuba aqinise ekukholweni.

Lentshumayelo ngayithuma kubaba ngo-Agasti ngomnyaka odlule, ukuba ayihumushe ngesitswana, ayithumele kubafundisi nabashumayeli ekerikeni lakithi nakubanye abantu abazithandayo, ukuba izwi likaNkulunkulu ligijime, lihambe, lifike kubo abantu abaningi eNingizimu-afrika, bakholwe nabo nguJesu Kristu bafinyelele ekuphileni okuphakade. Ngalomsebenzi ubaba uyakwenza umsebenzi omkhulu, uthintha abantu abaningi, bakuzwe lelizwi lokuphila, bakuzwe ngoJesu Kristu, uMoya oNgcwele aphembe ukukholwa kubo, baphile nabo ukuphila okuphakade. Bathandekayo eNkosini izwi likaNkulunkulu lisekhona phakathi kwethu, akesingalideleli kodwa silisebenzise kahle, lingukudla komphefumulo wethu. Lingukudla kwemiphefumulo yabakhelwayo bethu abaseduze nalabo abasekude. UJesu Kristu akasithumanga thina esingabafundi bakhe emhlabeni ukuba sithule kodwa ukuba sibhathize sifundise ezizweni zonke. Kwaqalwa lekude eJerusalema, kodwa uJohane wathumela namabandla ase-Asiya incwadi yakhe ukuba aqinise ekukholweni ngezwi likaNkulunkulu.

Izwi lanamuhla lithi: "Nginilobele lokho, ukuze nazi ukuthi ninokuphila okuphakade nina enikholwa egameni leNdodana kaNkulunkulu." Ngalelizwi uyasiquka isibindi ngenxa kaJesu Kristu ongukuphila kwethu, ngoba sikholwa nguye. Siyakholwa nguye ngalokhu sinokuphila okuphakade, ake singangabazi ngalokhu nanini, kodwa sethembe kuye ngasosonke isikhathi kuze kube phakade. Asifaneli ukwakhe ukukholwa kwethu noma ukuphila kwethu phezu kwamandla ethu, kodwa sikholwe nguye uJesu Kristu osiphayo ukuphila okuphakade. Ngenxa yalokhu wafika emhlabeni ukuba asifune, asisindise, asihlenge emandleni amabi, asibuyisele kuBaba wethu osezulwini, okholwayo abhathizwe uyakusindiswa. UNkulunkulu makasiphe lokhu. Amen.

9. Umkhuleko: Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, londoloza izithunywa zakho ezishumayela ivangeli phakathi kwabantu emazweni onke, thuma njalo izisebenzi esivinivi sakho ukuba abantu balizwe izwi lakho, bakholwe yiNdodana yakho, basindise, baphile ukuphila kwayo okungukuphila okuphakade. Baphe abafundisi amandla kaMoya wakho oNgcwele ukuba bashumaye ivangeli lakhe ebantwini bonke. Sicela lokhu egameni likaJesu Kristu uMsindisi wethu. Amen.

10. Iculo 50/52

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloza izinhlizozo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu iNkosi noMsindisi wethu, Amen

Lentshumayelo ilotshiwe ngomnyaka ka-2015 ngu-P. C. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwalezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation